basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## NOVEMBA 2016

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**AMAMAKI:** 80

**ISIKHATHI:** Amahora ama-2

**Leli phepha linamakhasi ayi-14.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

KWAZULU-NATAL



M6

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

   ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
   ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
   ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Ofundwayo)**

**UMNCINTISWANO/UMQHUDELWANO WAMA-IDOLS ENINGIZIMU AFRIKA**

1 Ama-Idols umncintiswano okhonjiswa kumabonakude eNingizimu Afrika. Lo mncintiswano wasuselwa ohlelweni i*British Pop Idols*. Ngenkathi uqala ngonyaka wezi-2002 wawukhonjiswa eziteshini ze*M-Net* kuphela. Kusukela ngonyaka wezi-2012 kwaqala isiteshi so*Mzansi Magic*, wakhonjiswa kuzona zombili iziteshi.

2 Kulo mncintiswano kusuke kubhekwa ithalente lomculo kubantu abasha baseNingizimu Afrika. Kuyiwa eziFundazweni zonke kwenziwe ama-*auditions*. Ngesikhathi sama-*auditions* kukhona abaphatha izinsimbi zomculo ('musical instruments'), kodwa amajaji abheka ithalente lokucula kuphela. Abanye basuke bengakwazi ukucula bezochitha isikhathi bese kuvaleka amathuba alabo abanethalente. Abaphumelele kuma-*auditions* badlulela/baya esigabeni esilandelayo eSun City lapho bezohlangana nabavela/nababuya kwezinye iziFundazwe. Abanye bashiya imisebenzi nemfundo belandela ithuba lokuba abaculi.

3 Abangenele umncintiswano bakhethwa ngamajaji isibalo sabo siyehla size sifike kwabayi-12. Emva kwalokho iyashintsha indlela abazokhethwa ngayo ngoba basuke sebevotelwa abalandeli babo. Njalo ngesonto kuphuma oyedwa othole amavoti amancane kunabanye. Ku-Season 1 (njengoba kubizwa kanjalo), kwawina uHeinz Winckler. Ababethula uhlelo kwakunguCandy Litchfield noMatthew Stewardson, kanti amajaji kwakungoRandall Abrahams, Dave Thompson, Marcus Brewster noPenny Lebyane.

4 I-Season 2 yaqala ngenyanga kaJuni kuya kweka-Okthoba onyakeni wezi-2003. Kwaphumelela u-Anke Pietrangeli, owayethandwa kakhulu ababukeli balo mncintiswano. Abalandeli bakhe bamqamba igama lesidlaliso ('nickname') elithi '*The Kimberley Diamond*'. Kwakuqala ngqa kuwo wonke amazwe analo mncintiswano ukuthi kube nabesilisa abadlulela esigabeni sabayi-12.

5 Ukuthandwa kwalo mncintiswano kwenza isibalo sabawulandelayo sikhule kakhulu. Ngonyaka wezi-2005 kwaqala u-Season 3 eGold Reef City. Owaphumelela kwaba intokazi uKarin Kortie ngamavoti angamaphesenti angama-62,5. Ukuze awine kwakufanele acule iculo azikhethele lona, elikhethwe ngamajaji kanye nelisha aziqambele lona. Ngonyaka wezi-2006 awubanga khona umncintiswano ohlelweni lakwa-*M-Net* waze wabuya ngonyaka olandelayo, kwawina uJody Williams. Amajaji amthanda kakhulu ngekhono lakhe lokucula amaculo o-Celine Dion noLuther Vandross okungabaculi abasezingeni eliphezulu.

6 Ngonyaka wezi-2009, kwaqala u-Season 5. Ngalo nyaka abangenele bavunyelwa ukusebenzisa izinsimbi zomculo. Amajaji awakujabulelanga lokho ngoba ayengabezwa uma becula. Kule Season kwawina uSasha Lee Davids. Emva kwezinsuku ezine ewinile, kwatholakala ukuthi kukhona amavoti angabalwanga ngenxa yezinkinga kwezobuchwepheshe. Kwenziwa uphenyo ('investigation') kwabalwa kabusha. Imiphumela yaveza ukuthi uJason obencintisana noSasha nguye obenamavoti amaningi. *UM-Net* no*Fremantle Media* abangabaphathi bohlelo bavumelana ngokuthi babanike imiklomelo elinganayo.

7 Ngonyaka wezi-2010 kwaqala iSeason 6. Yahamba kahle kwaphumelela u-Elvis Blue. Uhhafu wemali ayiwina wayinika uLloyd Cele ayesele naye kulo mncintiswano. Ngonyaka olandelayo wezi-2011, kwaqala i-Season 7 eyawinwa uDave Van Vuuren waseGauteng.

8 Ukwanda kwezinhlelo kumabonakude kwasiza abalandeli abaningi. Ngonyaka wezi-2012 lo mncintiswano wavezwa kuMzansi Magic naku*M-Net* ngesikhathi esisodwa. Ababengenele **banyusa amasokisi** ngoba abalandeli basebekhetha lowo onethalente elidlulele kunabanye. Abanye abalandeli babengasabheki ithalente lomculo kodwa babevotela ovela esiFundazweni sabo. Ngomhla zi-2 ku-Okthoba 2012, uKhaya Mthethwa wamenyezelwa ukuthi nguyena owine iSeason 8. Kwaqopheka umlando kulo mncintiswano wokuthi abe ngowokuqala oMnyama ukuwina. IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sajabula ngoba uvela kusona. Emva kukaKhaya kwalandela uMusa Sekwane waseMpumalanga owawina i-Season 9.

9 Lo mncintiswano wawinwa ngabesilisa iminyaka ilandelana. Ngonyaka wezi-2014 kwawina uVincent Bones owayenomlando owathinta izinhliziyo zabalandeli. I-Season 11 yaduma kakhulu nesibalo sabavotayo safika ezigidini ezingaphezu kweziyisi-5 ngoba kwakukhona ijaji elaliy**intandokazi** uSomizi Mhlongo. Abantu babethanda amahlaya namatemu ayewasebenzisa kwabangenele umncintiswano. Wayesebenza nejaji uRandall Abrahams owayesedonse isikhathi eside. Kwawina uKarabo Mogane ku-Season 11.

10 Imincintiswano yama-Idols iyasiza kakhulu ukuvuselela ithalente lomculo. Isiza nemindeni nabangani ngoba bahlala ndawonye bachithe isizungu. Enye imali etholakala ngokuvota isiza amakhaya abadala kanye nawezintandane.

Kungabe unalo ithalente lokucula? Phuthuma ungenele iSeason elandelayo!

[Icashunywe kuhttps://en wikipedia.org/wiki/Idols-SouthAfrica]

1.1.1 Waqala nini umncintiswano wama-Idols eNingizimu Afrika? (1)

1.1.2 Obani abakhetha labo abazoqhubeka nomncintiswano ukuya eSun City? (1)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha
Pheqa ikhasi

1.1.3 Ubani owokuqala wesifazane owawina umncintiswano wama-Idols? (1)

1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Ijaji eselidonse isikhathi eside kunamanye kule mincintiswano:

A USomizi
B U-Unathi
C URandall
D UPenny (1)

1.1.5 Chaza izindlela EZIMBILI abakhethwa ngazo abaqhubeka nomncintiswano. (2)

1.1.6 Fingqa ngephuzu ELILODWA isigameko esenzeka ngonyaka wezi-2009. (2)

1.1.7 Tomula umusho osendabeni ositshela ukuthi u-Elvis Blue unobuntu. (2)

1.1.8 Kungani uSeason 8 wayengafani namaSeasons ayengaphambili? (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni:

(a) Ababengenele **banyusa amasokisi**. (2)

(b) Ijaji elaliy**intandokazi** uSomizi Mhlongo. (2)

1.1.10 Qhathanisa ubuhle nobubi balo mncintiswano kulabo abasuke bewungenele. (2)


1.1.11 Umncintiswano wama-*Idols* unamuphi umthelela emiphakathini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.1.12 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abanye abangenela lo mncintiswano abangakwazi ukucula basuke befuna ukuvela kumabonakude. Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.13 Okuhle nge-*Idols SA* ukuthi ayicwasi ngokwebala nangokobulili. Sekela lesi sitatimende. (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (Obukwayo)**



**UHulumeni usiza abafundi abahlala ezindaweni ezikude nezikole ngezinto zokuhamba. Lokhu kuyabasiza ukuze bafike ezikoleni ngesikhathi esifanele.**

[Isithombe sicashunwe kuSolezwe-2016]

1.2.1 Bhala OKUBILI okusesithombeni esingenhla uHulumeni asiza ngakho abafundi ukuze bafike ezikoleni. (2)

1.2.2 Kunamuphi umphumela ukusizwa kwabafundi abasesithombeni ngezinto zokuhamba? (2)

1.2.3 Phawula ngokuhle okwenziwa yilaba bafundi abagibele amabhayisikili ukuzivikela. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esikhuluma ngenkinga yokushoda kwamanzi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7.

### IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele, amagama akho angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Bhala ngamagama akho.
5. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

### UMBHALO C (Ofundwayo)

**IZINKINGA EZIDALWA UKUSHODA KWAMANZI ENINGIZIMU AFRIKA**

Izwe laseNingizimu Afrika libhekene nenkinga yokushoda kwamanzi. Lokhu kudalwa ukungani kwemvula ezweni lonke. Ekugcineni kuba nemiphumela emibi kubantu, ezilwaneni nasezitshalweni.

Ukuguquka kwesimo sezulu kunomthelela kulokhu kushoda kwamanzi. Konke okusemhlabeni kudinga amanzi ukuze impilo iqhubeke. Ingxenye enkulu yomzimba womuntu yakhiwe ngamanzi. Ukungawatholi amanzi anele kwenza umuntu ancishelwe ('dehydrated') amanzi emzimbeni. Lokhu kudala izifo kanye nokufa. Uma imvula ingani, imithombo yamanzi ('reservoir') efana namadamu nemifula iyoma bese kuba nesomiso.

Amazinga aphezulu okushisa amunca amanzi asemhlabathini. Konke okutshaliwe okungusizo kuyafa noma kungamili kahle. Ukufa kwezitshalo kunomthelela wokuphela kwendalo kanti impilo incike kokutshaliwe. Isizukulwane singagcina singazazi ezinye zezihlahla zendabuko.

Izilwane zidinga ukuphuza amanzi ukuze ziphile. Izinhlanzi nezingwenya zisebenzisa amanzi njengamakhaya azo. Ukuphela kwamanzi asetshenziswa izilwane kwenza isibalo sazo sinciphe. Izilwane ezikhiqiza ubisi nenyama nazo ziyathinteka bese kuba nomthelela omubi kubantu.

Izinkampani ezinkulu nezincane ziyawasebenzisa amanzi. Kukhona amabhizinisi angavalwa uma amanzi engekho abantu baphelelwe imisebenzi. Izibhedlela zona zithinteka kakhulu ngoba amanzi ahambisana nezempilo. Ukudla, iziphuzo nokunye kuyakhuphuka ngenxa yokuthi imali eningi isetshenziselwa izindlela zokuthola amanzi.

Izithuthi nemidlalo esebenzisa amanzi iyaphazamiseka uma eshoda. Abagwedli, abatshuzi, abadobi nababhukudi baphelelwa umdlandla, isimo sempilo yabo siyashintsha. Imincintiswano yasemanzini ingamiswa ngoba yenziwa khona kuphela. Lokhu kwehlisa izinga labantu abasafisa ukungenela le midlalo.

UHulumeni waseNingizimu Afrika unezinhlelo azenzayo ukubhekana nesimo sokushoda kwamanzi. Ezindaweni ezahlukene amanzi ayavalwa ngezikhathi ezithile, kunesikalo esibekelwe abantu ukuthi bawasebenzise kangakanani nokunye.

Asiwonge amanzi ukuze siphile impilo iqhubeke!

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)**

# QHAKAZA JEWELLERY SHOP

**UBUHLE BENDODA YIMALI YAYO.**

Ufuna ukushada noma ukwenza isithembiso somshado?
Ufuna ukukhombisa ukuthi uyindoda enamandla?
Ufuna ukufeza amaphupho owesifazane ngamadayimane?

**NANSI IMPENDULO:**

Phuthuma eQhakaza, esitolo sobucwebe esizokunika uhlobo lwezindandatho ezinamadayimane:

- **Acwebezela njengenkanyezi.**
- **Angaphucuki.**
- **Aqine ngqi.**
- **Akuxhopha ukude.**
- **Avuselela uthando.**
- **Akunika isithunzi nokuhlonishwa.**

Phuthuma manje ungezwa ngendaba!

eKapa - 289 Laza Road, Kenilworth (021 937 6578)
eGoli - 10 Busa Street, Rivonia (011 456 3991)
eThekwini - 99 Cato Road, Berea (031 332 8465)
qhksjew@yahoo.com

**Ozofika kuqala eQhakaza uzoba sethubeni lokuthola**

**lo ▶**  **mgexo kanye nebhangela likanokusho.**

[Umbhalo wokuziqambela]

3.1 Kungani igama elithi; 'Qhakaza' livele kaningi kulesi sikhangisi esingenhla? (1)

3.2 Anjani amadayimane aseQhakaza Jewellery Shop? Bhala OKUBILI. (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Lo musho olandelayo uqukethe hlobo luni lolimi?
Amadayimane avuselela uthando.

A Ulimi olukhohlisayo.
B Ulimi oluphoqayo.
C Ulimi olunamaqiniso.
D Ulimi oluncengayo. (1)

3.4 Yiliphi isu elisetshenziswe abakwaQhakaza Jewellery Shop ukuze umthengi afike kuqala kunabanye? (2)

3.5 Tomula umusho ongenza umuntu wesilisa azizwe enjengesicebi. (2)

3.6 Ngokucabanga kwakho indandatho enamadayimane iwafeza ngempela yini amaphupho abesifazane? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**


KWAZULU-NATAL
M6

## UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.


**UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)**

**ISITHOMBE-1**




ULucy uchazela uCele ngezinhlobo zokudla abanazo erestorenti yaseThatha ukuze a-ode akuthandayo.

**ISITHOMBE-2**



UCele uyakuqala ukudla okumnandi nokuningi kangaka. **Ushaye wavala.**

**ISITHOMBE-3**



Isimo sibi! ULucy udiniwe, utshela imenenja ukuthi uCele akanalo ngisho isenti lokukhokha.

**ISITHOMBE-4**



UCele uyaxolisa, uchazela imenenja ukuthi usenezinsuku ezintathu engadli, uhamba efuna umsebenzi. Imenenja yamzwela yamqasha ukuthi asebenze khona la eThatha.

[Izithombe zicashunwe www.google.co]

4.1 Yimuphi umsebenzi owenziwa uLucy? (1)

4.2 Imenenja yamsiza kanjani uCele enkingeni yokungabi nemali yokukhokhela ukudla? (2)

4.3 Yini eyenza ukuthi uLucy akhulume nemenenja esithombeni sesi-3? (2)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Ukushaya uvale kuchaza ukuthi:

A Ukudla ulambile.
B Ukudla uqede.
C Ukudla usheshise.
D Ukudla mahhala. (1)

4.5 Buka esithombeni-3, bese ubhala OKUBILI okukhombisa ukuthi uCele ukhathazekile. (2)

4.6 Isenzo semenenja siyiveza njengomuntu onjani? (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

**PHUMULA UKUZE UTHOLE AMANDLA AMASHA**

Abantu abaningi bayasebenza zonke izinsuku, kusukela **ilanga** liphuma lize liyoshona. Bavuka baye emsebenzini kanti abanye benza imisebenzi yasekhaya. Abantu basebenza amahora amaningi, baphumule amancane. Kubalulekile ukuphumula. Lokhu kubanika isikhathi sokuthatha ikhefu ukuze bathole umdlandla wokuqhubekela phambili. UDokotela Hlubi wathi, 'Mina ngilala isikhathi esanele, angiyibulali impilo yami ngokusebenza amahora amaningi.'

Ukulala isikhathi esincane, kwenza impilo yakho ibe mfishane. Kwehla nezinga lokucabanga izinto ezinhle nezakhayo. Abanye baze baphuze iziphuzo namaphilisi abenza bahlale bephapheme. Lezi zinto zigcina ziyilimaza impilo yabo.

Phumula isikhathi esanele khona uzothola nethuba lokwenza izinto ezinkulu, ezibahlulayo abanye abantu. **Usungamisa nomsila** wakho kulokho okwenzile. Ungakwazi nokuvula neminyango **mimbe** evalekile.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Bhala umusho olandelayo ukhombe ukuphika.

Abantu basebenza amahora amaningi. (1)

5.1.2 Gcwalisa ngezivumelwano ezifanele kule misho olandelayo:

(a) Isikhathi … yashesha ukuphela uma uhleli ekhaya. (1)

(b) Abantu bahlalelwe umsebenzi … khulu emsebenzini. (1)

5.1.3 Khetha isihlanganiso kulezi ozinikiwe kubakaki bese uhlanganisa le misho elandelayo ibe umusho owodwa ozwakalayo:

(kodwa, ukuze, nakuba)

Udokotela ulala isikhathi esanele.
Udokotela uphila isikhathi eside. (2)

5.1.4 Guqula igama elikubakaki emshweni olandelayo likhombe isandiso sesimo.

Abantu basebenza (ubuhlungu) ngamaholidi. (1)

5.1.5 Tomula isabizwana soqobo kulo musho olandelayo:

Isikhathi sona siyadingeka ukuze uphumule. (1)

5.1.6 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lisebenze njenge:

Ungakwazi nokuvula neminyango **mimbe** evalekile.

A Isiphawulo
B Isibaluli
C Ongumnini
D Inani (1)

5.1.7 Bhala le nkulumo elandelayo ibe yinkulumo-mbiko:

UDokotela Hlubi wathi, 'Mina ngilala isikhathi esanele.' (2)


5.1.8 Sebenzisa igama **ilanga** emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo ohlukile kulo osesiqeshini. (2)

5.1.9 Lo musho olandelayo uqukethe isifengqo. Shono ukuthi luhlobo luni lwesifengqo lesi:

Usungamisa nomsila wakho kulokho okwenzile. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**




[www.googlecartoons.com]

5.2.1 Isithombe sikaLady Boss nabangane bakhe sibaveza ukuthi bangabafundi abanjani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.2.2 Inkulumo kaLwazi isho ukuthi ubefuna ukwenzani? (1)

5.2.3 Umuntu onjani obizwa ngempimpi? (2)

5.2.4 Bhala OKUKODWA okwenziwa abafundi abahlukumeza abanye esikoleni ngaphandle kokubabhalisa umsebenzi wabo wesikole. (1)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**